ISICBLO SIKA MAFUKUZELA.

Ingane engakaliyo ifela embelekweni bakiti. Seku yiminyaxa eyi 19 ngaqala lomsebenzi wemfundiso yabantu lapa Ohlange ngibona izikati ezinhle nezimbi, kepa lesi sanamhla ubuhi baso ngifanele ukunibikela bona ningipe izandhla. iSesingene emacaleni ngokudhla kodwa ukoto, okudhliwa izingane. Yonke into edhliwayo iniza into engaziwayo, angisatsho luto ngeholo laotisha nezinye izindhleko, ngiti nje nxa isizwe sakini nemizamo yabafisa ukuba siqubekele pambili niyitakazela ake ningenzele iwahla leminikelo bamnizane bakiti, bomame, bodadewetu; kakuiu nina zinsizwa enisezikundhleni zemisebenzi enefanda lapa Ohlange. Asizange siyibone indhlala engaka. Ngitekelisceni ngemali, ningangijabhisi bakiti.

Yimi owenu wemihla,
JOHN L. DUBE.
(uMAFUKUZELA.)

Kufunwa.

Umcindezeli opambili owazi kahle umshini nako konke kwase Printing office lapa Ohlange.

ILANGA LASE NATAL.

Ukupela kwepepa laseNatal elipuma masontonke ngesiZulu nesiNgisi. Limele amalungelo abanto nokwakeka kwesizwe ezisekelweni eziqata.

Likokelwa ngonyaka pakati kweUnion,

Ngonyaka 13/-
Ngezinyanga ezisitupa 6/6
" ezintatu 3/6

Ngapandhle kweUnion.

Ngonyaka 15/-
Ngezinyanga ezisitupa 7/6
" ezintatu 4/-

Izaziso zikokelwa kalula manje tanje:—

Ukungena kanye 2/6 nge inch, ukupinda yinxenye, kuze kube kahlanu.

Ukungena kasitupa 2/- nge inch.
" ka 12 1/6 "
" 36 1/3 "
" 52 1/- "

Izincwadi zencpa ziboqondiswa kuMhleli weLanga, Ohlange, Phœnix. Imali iboqondiswa kuRev. J. L. Dube Izincwadi zonke zibotunyelwa kanye negama nekeri lomtumeli noma enganandi ukuba livele igama lake kube ukwazi koMhleli. Asitoshwa ngokushiwo ababhaleli.

Isaziso ngoMtungi.

Kufuneka intombazane noma ubani oyingeweti yokutunga izingabe zesifazane kahle. Lobela nom nizizele

kwaNGOBAMAKOSI,
106, Field Street,
Durban.

Ofunwayo.

Ngunomfowetu owapuma ekay ngonyaka 1909 eqonde eGoli eyosebenza. Ekugcineni kwami kuleyominyaka wayeseMaraisburg. NguCornelius kaJonathan Kanyile eGeorgedale M. S., Ngikuleka kubazalwane nakoladekazi omaziyo akabhalele lapa

SOLOMON ka J. KANYILE.
c/o H. Miles Esq.,
16, Railway Street.
Durban.

Native Nurses and Midwives.

WANTED, Native girls over 18 years of age and over Standard VI to train for two years for their examinations in Midwifery. £2 per month and uniform.

Write
DR. A. BONFA
Umzinto.

ISAZISO

Kukona izimbuzi kwaN. Mbongwe eAdams Mission, Amazimbuzi ezokufuya nezemisebenzi. Ofunayo angaputuma kona, ngesonto elizayo ekaqaleni kukaNovember. Zobe zikona futi nase Tekwini Ematsheni ku Mr. F. M. Cele, zidhlule zibange kona eManzimtoti. Putumani.

Yimi Owenu,
N. M. MBONGWE.

YIYO LE INKATI.

Uma uqaqanjelwa umatambo ungeke utole umuti odhlula isigcobo sobuhlungu sikaChambalain. Yiyo le inkati yokukuseda. Ake ulinge lesisigcobo ubone ukushesha kwaso ukugcwa ubuhlungu nokujunjutelwa. Sitengiwsa yibo bonke abatengisi.

ILANGA LASE NATAL.

Olwesilanu November 28, 1919.

UPI UMOYA WOBUPAKATI?

IKONA into edanisayo lapo umuntu ebukisisa isimo sendhlu emnyama. Sihlezi nje sisola abaholi betu siti abasebenzi luto, sengati ukona umuntu ekungatiwa umholi nxatshana engaholi muntu. Ake nibbeke into embi eyenziwe ngabantu ukuba kumenywe inhlangano kaCongress eMgu'ndhlovu bangayi pezu kokuba kukona izindaba ezinkulu kangaka. Wati umenywa abapati base behlezi pakati kwegeja litshisa, abantu beti iTransvaal iyasebenza kodwa iNatal ayenzi luto, kuti bona labo sebebiziwe pinde bavele nasenhlangaweni. Kambe bakiti ukutanda kwenu izwe lakini ukwenza izinto ezinje?

Nansi enye indaba ebuhlungu yesicelo sikaMafukuzela ecelela isikele sabantu imali yokusipasa ezikatini ezilukuni, unjengoba usina edwaleni, akutanqi lutuli. Kambe ukuba singalanduli uMr. Africa Gumede nomizwake qwi osaponse umkonto. Kepa ayiko into esike yasungulwa umZulu yaquba iminyaka engu19, ihlose ukupakamisa umuntu njengesikole sase Ohlange noko abantu abazi noma kwenziwani. Sekufande izinkulungwane zabafana namatombazana kakules'kole, noko esikatini yaso sendhlala akuti ciki kubo. Nitike ubupakati lobu na? Kodwa uma uDuide elahla pansi kungahlokoma izwe lonke kanti lona elihlokomayo alinakusingaluto. Kukona amakosi nabantu mzane uNkulunkulu abasise ngezipiwo zalomhlaba, okufanele ukuba lesitombo nxabesichela ngamazi siogaqalekiswa ilanga, noko pinde.

Enye into bahlangana bati akuyiwa pesheya noko imali ayibonakali. Ubupakati kanibe lobo? Siyabazi njalo. Kukona abanye abantu abahlala besonge izandhla belungele ukuti akusetshenzwa luto, babe begemazisiza nangokuncane ukuba inge benzi yesizwe icunge. Vukani ebantogweni, nibonele isibonelo esihle kwezinye izizwe, nicumise imisebenzi yesenu.

Nangoke uMongameli uMakgatho unibizile ukuba aye konehleka ngenhlangano yenu eDundee zin 16th kuDecember uize ningadumazi.

Ukufel'embelekweni.

Igama esivama ukulikuluma lapa lesitsho sabadala sokuti, "Ingan'engakaliyo ifela embelekweni," libuketa liyiqiniso ngesizwe sonke lesi sakiti. Sekusobala ukuti kanti isidubuli sempi lesi sizaukahlameza pezu kwetu kunozonke izigaba ezinemilomo namapimbo okukala zizwakale. Ukubiza kwezinto zezinhlobo zonke kuyesabeka. Ngenxa yaloko izisebenzi zabelungu kuyo yonke imisebenzi sezabaxobisa abalungu bazo baze bayitola imali abayifunayo manje ese ipindwe kabili kweyabe iyiko pambi kwempi.

Kakade omnyama wab'engaholi luto olufanele iziuswelo zake manje ekungapezulu kakulu. Holo lomuntu omnyama liloku limi ndawonye pezu kwokuba umtamo kampondo munye ungangoweshumi ngapambi kwempi. Into edida tina umqondo ukuti iningi labantu litule lipelelwe isineke nje liti liyauze lifunziswe okomntwana yini. Umuntu osebhekile ku ubulima ukube ati elambile angaze enza mizamo yokukutola ngokwesela nona ngokusebenza.

Ngenxa yobuncane beholo letu ukubiza kwezimpahla kusuda kakulu pezu kwetu, ngako kwabe kuyimfanelo ukuba kube yiti esikalayo size sizwelwe. Nasezitimeleni imali isikulisiwe nasezikoleni isikulisiwe kepa babe abantu besahola lona ielo zeyizane lapambi kwempi izwe lisatule. Obheke ukuti abelungu bayanaLonela noHalumeni abonele ubheke omnyama ungenafu. Ikambi lisezandhleni zeni abantu. Makupele loku ukuba kuri kulolonywa ngokudhla kwebantwana kube yiloku kuvela ubumhlalunhlalu kona abeti. Cina asiyifuni imali ebesebo ie funda'amanga benziwa ubudlinabili nemisebenzofuncofu. Lose kosihluba isitunzi. Safa nezingane sisembelekweni singati vu! Imbala sisekona nje? Kouke loku kwenziwa ngoba asinazo izinhlangano eziqpha zezisebenzi njengezabelunga kuse yilowo uti uma kusute yena abanye angababheki. "Engakaliyo ifela embelekweni."

Ezaneno nezaPesheya.

ICALA LIKA KAISER.

Ipela ingapeli indaba yecala lika Kaiser. Manje sekutiwa izwi lengqinisela lizozwakala ngapambi kuka Kisimusi ukuti lizautetwa lelocala aliz'ukutetwa na. Loku kwenziwa yikuba kusekona ukupikisana abanye beti masale eseyekwa nje abanye beti angeti wabulala imipefumulo engaka angajezi. Sesozwa izwi lengqikiti ngaleyonkati.

o o o

KWA NGQ'ETSHENI.

Indaba yeLeague of Nations lena eyamelwa kakulu ngezinyawo zombili ngaPresident Wilson waze wafaka lemoya wake kwezinye izizwe ezabe zivunana nabo ekulweni namaJalimana. sekuyinqaba ngoba manje zonke izizwe sezilivumile lelisu kepa kona eMerikakubo kaPresident Wilson yilapo kulukuni kuyitshe ukuvuma loludaba. Utopakati wakona awufuni ukugaxeka ezindabeni zase Europe uze utwale nemigidhla yakona. Funi zikona ezinye izindaba abangafuni ukuzwagazo. Wati eseti uzaulihamba lonke azame ububabonisa bavumelane naye nako wahlatshwa ukufa wabuya. Noma esengcoro nje kulukuni namanje.

o o o

HAYLBELU.

Ukupikisana okukutu kweCongress yase United State ngodaba lweLeague of Nations kusabisa kepa sekungatikona ukubohla kwabebeti makungavuywa nempela ukuba ingene iMerika. Kepa kuse kona amafindalukuni kepa okutembekayo ukuti uMpakati awuyikunqaba okokupela upikise ukubeka izandhla zeziPatibandhla zakona noPresident Wilson.

o o o

ZWANAKE INDODA.

Lapo efakaza pambi kweLow Grade Aliens Commission uMr. W. Stanford M. L. A., weTembuland ukulume wagotula efakaza ngokuti umgoqo wobaleyinto esike ebuqilini eyenzelwa ukuhlabulungu badhle ngomhlala patsi isitukutuku esijulukelwa ngomnyama waze wafika nakwelokuti umgoqo lowapula isiyumewana sokupelisa impi.

o o o

AMANGISI NAMABHUNU.

Loku uGen. Hertzog kode evakashele eJozi ngesonto elidhlule kufike kwasuka utuli abomuxa wamaNgisi betiyene nokuba babe nokuhlangana okuhle kwaze kwaliwa ipoyisa lona balishava kabi etanda ngensimbi Akuko ukuzwana kulaba bafo, yilabe bati yiba laba. Kusayauze kubonwe lini ngolunye usuku.

o o o

AMAPOYISA EJOZI.

Kuzwakala ukuba kukona ukuvukuneka emapoyiseni aseGoli. Akalangemali ukuti incane aseke ayibika izindaba nakwabakulu kepa aliyeli izwi lesetembiso ukuti bazobhekelwa. Asezike ukuba kuzogcina ngozwenze njani.

Umfana ozangilevo owakohlisa umuzi wakwaba ngepepa nje elifana nelesetembiso lomfana wabekwa kala washwa ukuba eziyishwai nesihlanu. Kanyake yakeviwi 15

:o:

Umtana uSomSutu eGoli ewetusa umtombazana yomlungu isuka eGeldenhuis iya ePrimrose waboshwa izinyanga ezintata agutshwe ukudhla izinsuku ezimbili.

—:o:—

Ushonile uMr. F. Z. S. Peregrine umhleli wepepa lona Coloured iSpectator. Ubelutanda kakulu uhlobo lwakubo elusebenzela.

—:o:—

Ecaleni lokulwa eMgu'ndhlovu abafazi babantu balwa bebaoga indoda yomlungu. Aliboswaga ngalukalo isoka lele ecaleni.

—:o:—

Indaba yezisebenzi zakwaKopelotshani ebezicela ukuqutshekiselwa ngo 5/- ngosuku lusetuliwe kumadoda eKaunsil asaluqonda loludaba.

—:o:—

AmaJada alukuni ukupenduka ashiye inkolo yakubo abanye sebeze bati imali ecitelwa ukufundisa wona kungcono isize abanapofu noma eminye imisebenzi.

—:o:—

Umuntu wesifazana eNaples, Italy wagqoka ezamadoda wayodubula nizantu ababili eti upindisa ngoba nyiwafa ngesizi edhliwe yibo impahla yake.

—:o:—

Kuke kwalika lapa uMr. J. H. Thomas ofundisa eAdams M. S. ezobonisa ukutshalwa kweniti yokwelukana Baxidi. Ubekamba no Mr. Weavers ekuzwayo inkanzi yomcindezeli.

—:o:—

Kwalakeka epepeni lapesheya isizisokufa. Kwantu ngesuku lokushada kwake we omnye egoke ezokuzilanti usuku lomzeago. Kazi lolo kwaku lokotani? Ukuti ukushada yilake?

—:o:—

Umshini omdizayo wahamba waze wafika ezwini lapo unezwa kona eMpumalanga abantu bakona bawubona ukuqa usuwehla bati amadimoni bashada abapapi sebezobulawa basizwa amavolovolo.

—:o:—

Umfana nje omnyaka iyi 16 eGermany wati ekuaba neutombi yake kwaqalukile isoka lakuqala badumela na kona lapo, umfana lowo waze wafika lapa ivolovolo wandubula enhlaziyweni wapela lowo oyimbungi.

—:o:—

Indiza yase Germany yatlupisiliwe ekaya iveli epini intsimbi yayo yayisha lezela. Yolaba basizwa yati yona ayenaziwa njalo. Ngadanga tile yaposa kuyo intombi imfundalu yenisizi kwafana21 abantu nayo basizwa.

—:o:—

Ukutanda amagama amaku'u abelunga kwakolisa umNtu obezibiza ngokuti unga Sir B. A Malalime, M. R. Ph. D. M. A. obese neOffice eJeppeti ungudotela ekapa abantu eti wafunda eEdinburgh University wahlaula £35.

—:o:—

Izikwegci zisanda kunqunqe ogongolwani uMr. Louis Magadi. Izipuni zako zazifuna zashiya amageja ensimini kwati ebusuku buka Nov. 12 kwafika umuntu noma abantu bafohleza amageja izinsimbi amaplungwe bashisngomlilo. Kakukatelwa muntu.

—:o:—

Intombi yaseVienna yepa nensizwa yalapa besebenza nona ngoba iti bayazihlupa abazali bayo. Yafiewa yaboshwa kepa yabe isishadile naye. Amakosi ati mawshafe uwshado ngoba umyeni wabe engapelele zonke izinyamazane. Ngovalowase ezibulala umyeni.

—:o:—

Ukona umPristi weBandhla laseRonia osanda kushada emzini wasePrague uenye intombi yebandhla lake wapula umteto onkulu wokuba abaPristi bangatati. Wazishadisa yena. Limkipile iBandhla noma abantu bake besamanda beti bazompata bona.

—:o:—

Ukunqunyaa kwawecela elomnyama nelombungu kuidala kudila unapoda Ngalapa eKoleni umuntu owamanela ukuba wanqunyelwa inizwa yisi s. nemivimbo. kepa intombi yomlungu eyabe inesisa yabekela lelane zayibala yanqunyelwa izosewa ezi yisu kunsa.

—:o:—

Abantwana abatomba ezikolweni sekwa Hulumeni lasetela kanje ngonyaka: Abangenasi kuza Standard I, zd ababuSd. I kuya ku IV. 6d. Std. V. no VI. 1/ Kuti kwi December kube yinzwe [illegible] ziyi 16 Umnyamanyaya nayikukuba pezu kwe [illegible] Mayenzi [illegible] bazili [illegible] Jirgen) [illegible] kungi.

[illegible]

IZINDATSHANA NGEZINTO eNABANTU

Isibani saseSibubulungu eTekwini sakiwa ngoNov. 1864.

—:o:—

Kuketwe umfazi wokuqala eNew York ukuba umteti wamacala uMrs. Norris.

—:o:—

Ikwaya lika Mtetwa leZulu Union Choir liyanhlabelela futi eTown Hall, Durban ngo Dec 16.

—:o:—

Kade engaseNew Gadderla ad uRev. G. M. Cele eyokwamkela ibandhla kona elibilubuke eAmerican Board.

—:o:—

AmaNxusa asOsutu asesendhleleni ekubuya loku kade eyokonza ku King eNgalande. Bancoma ukubusa abafeyasko kona.

—:o:—

Kuzoxoxwa ngokungena kweParlamende umteto wokuba indoda ishade nomdamuwayo iuxa ifile inkgelikazi eTransvaal.

—:o:—

Kuya kwezinyangacezintanu ekehla izoja wabo noMr. C. L. Dube uMr. Lemelias Ngcobo waseMsinsini nengelile wazeduka.

—:o:—

Kuzwakala ukuti nabase Railway Shed P. M. Burg basawuyekile umsebenzi ngokukala ngemali. Uma sikwa abelungu bayadeleia nje

[illegible]

HLAZI WONOMA.

[illegible]

Abantu [illegible] abaputelwa [illegible] yamandhla [illegible] yibo ekwenza utandeke kangaka. Utongawe yibo bonke abatengisi.

Nasi Native Congress.

[illegible] uqulwa [illegible] 10th ogu 10 wakusasa. UMogameli uMakgatho ubese [illegible] umbengo wabepati beNatal Congress. Isicelo sake ukuba inhlangano iya eDundee uze abe kona ayengenaide, [illegible] bazoketele ukaye ekona ukudhlayela. Nibeleke ngoba hangapindhle kokuketa [illegible] izindela ezinkulu. Bandhla elidunga ukozisaxa lizinqume. Kulike nesicelo sentsia lakona eDundee.

Ezase Mgu'ndhlovu

NgolwaSine kuze kube olwesiHlanu izulu like lesipi izimvula ezimde. Sibenga engapezulu ngoba bese kukalwa ngokomisa.

o o o

Kade kutetwa enkantolo icala lomuntu wesifazane owabulala ingana eucane ezizele. Inkosi ite liya emajajini. Ubefakazi bubenisa u zidwedwe ayihopa ngaso ingane yaze yafa. Icala elidabukisayo impela.

o o o

Kukona elinye icala lengane enga11 years ebelikade ihlanganiswa, yamitiswa insizwa ingane ingako. Nalo selibekelwe ijuji.

o o o

Siyakubaka loko okuzwakele epepeni ukuti eMr. Mokgatho iPresident yeNative National Congress ifisa ukuba ize ibe kona emhlanganweni kaNatal Native Congress oyoba ngo16th Dec. ukuzokeela umnoli weNatal. akuze kaya izibonde. Yebo lokuku umqondo [illegible] kodwa uma ngili kona eDundee [illegible] ukuba uMr. Makgatho eze izwanelwane esebaliwayo ngo Chief Mini noKev. Dube ukuza loko [illegible] okowwa lapo sekobopa wonke ukuba abanabe ngalo, ngapandhle kwalako ukukoluwa [illegible] uze kwagcina. Umbango ususeko'amandhla sibe singaboni nokuhlangwayo.

o o o

Lapo kupiniswa ukuti uMr. Makgatho uzelile besekuinbuleki ukuba umhlangano kaCongress anlangane lapo eMgu'ndhlovu ukuze izwe lonke libe nokutinyelela lapo sekuzahlabiwa indhlela.

o o o

UMiss Annie Mbanjwa usezosina nezwa yangesonna emlungeltwa gama bayo.

o o o

UMiss Annie Mnganga ndedakazi kaRev. P. Mnganga isisina noMr. Zondi wakona lapa. Ila bela.

o o o

Umuntu ugandu kweshwa esile [illegible] "kayobhoza".

o o o

[illegible] uMr. John [illegible] Advocate [illegible] lapo [illegible] eGoMoto ngoNgqibelo ngezama basiness.

o o o

Kutetwa ecala lomfazana waseSwaziland egawe inomisa umuntu. Afrika ngesishinyane kubanga. Ai kungunywa, kutiwa ekwesitatu kube ebanjwa noko asabeli.

o o o

Icalaba noma oyahpi uhlobo [illegible] esekantole ifanele ukubhalwa ngobo injalo. Amakolwa akakutandi loko ukuba izindaba zawo zibiatwe nona zenzekele. Kepa akakwazi ukuvimba ukuba izindaba zingenzeki, ukuze zingabhalwe. Utini ke wena Mhleli?

Impendulo kaChief Mini.

REV. J. L. DUBE.

Nxit onkele incwadi yako ene kuyo wacikele incwadi eyele kaFreeland Makgatho eti sifanele ukuba sibize umhlangano weNatal Native Congress sobili nawe siwobizile eDundee wati naye ufuna ukuba abekona kulomhlangano, nokuti koketwa abapati bezibalo zeNatal Native Congress. Encwadini yako etigibhadele nona wati ufuna owami umqondo kuloko oberko esitini mine. Kepa awuchiti [illegible] umqondo ukuba utini wena ukuba uteni ka President Makgatho, sengize ngaza kona epepeni lake [illegible] base Natal Eka November 21, 1919 lapo ati [illegible] N. Congress [illegible] hlangano ka [illegible] Mina [illegible] Umqondo ngapandhle kowetu [illegible] Constitution [illegible] Ekuzabambe [illegible] Futi [illegible] uMr. J. T. Gumede umBhali [illegible] Secretary eNatal Native [illegible] Ekokwa [illegible] Dube [illegible] Umqondo [illegible] Usibizile nina [illegible] sekozikuyelela ngobudedi. [illegible]

(SIGNED) MINI (CHIEF.)

KwaMaKwaya aseGoli.

NgoDecember 2 ziqu 7th oMafukuzela tenaCharles Lobe laseGoli noKwaya labo elidunzileyo. Sanduiela ukubika loku ngoba kuhle amaKwaya abe epulakitiza amagama okubanga iNkomishi, "Dube Cup," oyoketelwa usu'u pakati kwendhlalo.

Nasika amagama okoncintiswaza gako:

1. "Cast Thy Burden on the Lord." Kreissman.
2. "The Lord is in His Holy Temple" L. Marshall.

Elekuqala litelwa kuCongregational Anthems, Fourth Series No. 14, nelesibili kuThird Series No. 78.

bapendula isicelo sikaMafukuzela

UMUZI KAAFRICA M. G. GUMEDE.

Africa M. G. Gumede	-/-
Hettie Gumede	3/-
Frederick Gumede	1/-
Harry Gumede	1/-
Sarah Gumede	3/-
	£1. 3

Siyabonga kakulu, secemla abanye bazeponsa.

Konsati elinganangako

Usuku lukaNov. 21 lwabe lukeciw ukwenza iKonsati elikulu lonyak eVerulam ngabantwana bas'Ohlange Konke kwacimbisa ukuti kuzafezeka kepa kwati nje lapo abanye sebesebadhideni izulu lakonakala lifukuzelekungati lizaetela isiwulukuhlu senyela abantwana besaba babona ukuti aza netwa ngenkulu imvula bayafika ke kona sebemanzi bese bezibutela amkuhlane, ngako bati, Kudeiwa lobanwayo, bapindela emva bayakosela ezindhlini. Kwadabukisa lapo sekbonakala ukuti alibange lisesinisa noZulu nokaba lona iVerulam lalize nezinkani njengezinyaka yonke abaty bevela kude neziotokazi zakona ezipambili zabe zilungise amatafula kutepka kusikizela okumtoti pezu kwawpezu koba izwe lifile yindhlala. Ingoke yitapa kuhamba kona ezingo Misses Margaret Matiwane, Elsie Mlonambi naoMisses Mfene naotisbe lakazi oMsses Janet Mtetwa noHannah Pewa sibagasakulunike ngenkunzi endala katisha wakona uMr. M. G. Champion. Ayiyaba miningi imibono eyakanisiya ukuzwaukuti iBandhlayiikonzo. Yayenza erdaba [illegible] kubagcili [illegible]!

Ezase Goli.

UMr Whitefield Mduzane Kuzwayo ukwede ngeSonto ebange ekaya eMr [illegible] nibeina, Table Mountain.

o o o

UMr Enos Majola wakwaMapumani ukwede ngeSonte egulo isifo sanehlo eestmakatazika. Kusaboni kahle.

o o o

UMiss Winnie Nkosi wase Edenda adike lapa ngelidhlulileyo ezo'omnina.

o o o

Babekelene u£20 ao Messrs. Peter Mabjane beno A. N. Mgobhozi ngokuti inkosikazi edhlula enye ngokupekela idina elipambili yotata lemali. Asazi sesobona ngekisimuzi ukuti sodhlelinjani idina. Bati uPudding wokuza engepuka ilangabi etafuleni. Asezikufo kaShabane.

o o o

UChief Matambo Cele ulapa ngokuvakasiela abantu bakwabo.

Obonga umuti wakwaLacombe.

Umnumzane odumileyo uMr. F. M. Xulu, usibobela uti:—

Bangane abatandekayo, umuti engi wudumisayo emitipi yenu inanku oweNyongo, ngoba inyongo yami ibisi yehlule imiti eminingi yamaChemists ngamaza nje ngaqonda nje epepeni lenu elinganyanyana, ngatola ukuti nino muti ogikipayo, kodwa ngamaqikaqika ngapila ngati amnawo, ngase ngilahla itemba ngokuwutenga. Impela lomuti ngawudhla ngetemba amapilisi enu enyongo amnyama, ngancibilika ngoba wayikipa ngengingazange ngikishwe umuti, kuyiloku ngaqala wona lana Nombolo 15 Lacombe's Electric Pills ngakoke ngawubonga kakulu, ngiya wutakazela futi, ukuluma iqiniso nge neti kungenze ngaba nempilo engeono Ngiyamtosa noDokotela wenu ngokuhlolisisa, ngiyamtusa futi nomkemisi wenu uMr. Frank L. Dawber ngesinesake sokubazisisa kwake okufa umbeni, ukuze czwe kahle akuta umuti oyiwona wona wesifo. Ngitokoza futi nangamaSpecial Mixtures enu, bengingasayi ngapandhle kuze kupele noma izinsuku eziningi, kodwa ngabhe laba linye ngaya kahle ngapandhle, ngakoke impela lemiti yenu mosizo, futi iyabongeka, yenzauko [illegible] kaLacombe [illegible] nodumo.

Imina obongayo,
F. M. XULU,
Care of Durban Rickshas Limited.

AmaHlubi.

(Nu M. M. FUZE.)

Wafa nenhlanhla enkulu uYamelo lowo walekwa waba induna, ukugetsa wela isipakanyiswa esipete abantu.

Isahluko XV.

ISICELO SOKUQALA sikaSOBANTU.

Isicelo sokuqala nsobantu aqala ngaso ukuseza komkulu ngendaba kabangabhaleki, watuma uWilliam Ngidi nomi (Magema M. Fuze) ukuya kuCe ukuba kupenywe kahle leda lasemHlutshini. Isicelo leso wasiloba egameni lendu uMhlaba noNgwandhla umumzane, saya namazwi esicelo enkantolo kuMr. John Bird (uNyoniyentaba) owabe epete ngaleyo ukati.

Kute uba sifike enkantolo yabuza iNkosi indaba esibamba ngayo, sayilandisa. Kwesweiek'ukuba kusondabe bona abanumzana labo ababili basemaHlutshini, kwasokutiwa masipindele enava size sifike nabo ngangomuso. Kepa kwati ngangomuso omunye kubo (uNgwadla) wabe elimele ehlatshwe yisipunzi lapa onyaweni. Site sesipindela ngongomuso yabuzisisa kimi iNkosi iti upi. Ngayilandisa ngati uhlatshwe yisipunzi onyaweni, uKosi, kabanga nawo amandhla okuza lapa. Kulapa iNkosi yati, "Muza' ukuqakuzisana nami. Magema, kuluma ungitshele isiciwo." yakuluma yaza yafuteka iNkosi, kwangati ngimihlela ngamabomu kaNgwadhla.

Wayigwangqo ngokunjalo leyondaba uSontseu, wayeqa yaza yamvumela, esaza ngabamielekayo, abameli bake.

Isahluko XVI.

UKUFIKA kuka SIR GARNET WOLSELEY.

Wafika ke uSir Garnet Wolseley emva kwesiphipiti sengxabano yao Santseu nesobantu ngenxa yokuciteka kwezwe lasemHlutshini. Wafika ngo 1875 loku pala elasemaHlutshini lebitwe ngo 1873 uSontseu ebuya emseka iNkosi yaseZulu uCetshwayo. Cika ngalo usepete okuningi kwalolo okwaseksunqunyiswe ngamazwi kaSobantu emakosini amakulu eEngland, ukuti, lapa kwelakiti umuntu ulahlwa icala engenaye ummeli, ati ebulawa bentiwa kutetwa ngomteto wabantu omgalotshwe udawo, umteto ka'Tshaka noDingane kesiebe, ebabebulala umuntu ngokutanda kwabo.

Ngite ngetuta kwakufika uJohn Kumalo noLsaac Cataza (uSilevana) lapase [illegible] abati bebevilobe kunye nemayi, beliso ukuya kubingeleta ngayo uHalumeni omkulu ofikileyo (Sir G. [illegible] Wolseley;) ecekulotshwe kuleyo [illegible] ke amazwi ezinsolo [illegible] zabe zisolwa ngabakiti abangapambili kwetu. OJohn Kumalo noSilevana bati, bete betuka kanti beSuta sebeyitate bayinika uMr. Warkham oyitate qede wayona. Kepa [illegible] batanda ukuba ngiyiobe ngiyingise [illegible] kaHalumeni.

Kaleye newadi kwakulotshwe amazwi abe eseksde kiotshwe ngabakiti abangapambili kwetu, okuti,—Nikonzwa kanjani nina belungu. loku kiti, umfokazana otolwa ngumnumzana, emfefu engendulo; amtole qede amsisele inkomo; umfokazana asenge'leyo nkomo. ndhle amazi, apehle amafuta ngobisi lwayo; ngalawo mafuta atenge imbuzi; leyo mbuzi izale eziñye zize zande; emva kwaloko azitengele inkomo yake Umnumzana angamnaki, ibengeyake ngobo. Naye aze afuye ngako loko. Kepa nina makosi etu amiyenzi into efana naleyo.

Saqala kuleyo newadi senczeiela ngamazwi ayishumi nambili, sikomba izimhlupe esipetwe ngazo, ngoba kudke kuti ama kutetwa icala letu nomlungu sicandhlaluiwe ngoba tina simyama, kutiwe pendukazi kutiwe ngumteto weRoman Dutch Law, kumbe kutiwe siteta nge Kafir Law, okungabenakali konke lapa kulotshwe kona, ikuba balotshwepi bona o "English Law," "Kafir Law," "Roman Dutch Law" laba? Saquba s nezela ngamazwi amaningi sikomba izinhlupo nobandhlulelo abasipete ngalo, nangenikuba eyenziwa kiti ngamapolisa, nangokugqiga kwetu ezinkantolo sihlaliswa yizundina ngapandhle singangeziswa endhlini.

Kyati uba siqede ukuwaloba onke amazwi esola ukupatwa kwetu okubi, sayiteta sayiqubela kwaNdabazabantu, saya kuye uSontseu ngobo, sacela ukuba ate nomusa avume ukuyiqubela enkosini enkulu elikileyo uSir Garnet Wolseley.

Yanele ukuhanjiswe nje babaleka [illegible] Kumalo noSilevana, uKumalo yena esa [illegible] ukwetwezela eti, "sizakubokisisa." [illegible] hangishiya ngedwa [illegible] nesetembiso sake sokuti [illegible] newadi bayakukipa osiyenze [illegible] ngokuloba kwami lesi sicelo.

Isaziso esiputumayo

Kukona kogile umstenge lapa eCornfields naseFenebelihle abaniezindawo [illegible] abatanda ukuqashisa [illegible] lapa.

K. E. MHLONGO,
Umhlali,
Ohlevely,
Natal.